

Kugwetshwe inkampani nomqondisi wayo ngelenkohlakalo ye-PAYE

Tshwane, 27 kuNtulikazi 2021 – Inkampani nomqondisi wayo bagwetshiwe ngelokukhwabanisa i-PAYE ngokufaka izicelo zokukhokhelwa imali ye-PAYE engu-R 5.7 million.

Uphenyo olwenziwe abacwaningimabhuku boPhiko IweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) luthole ukuthi lesi sicelo semali ye-PAYE sasithunyelwe ukuze kusulwe isikweletu sentela senani elingu-R5.6 million. Isicelo semali ye-PAYE sachithwa abacwaningimabhuku bakwaSARS.

Inkampani ebizwa nge-YB Mashalaba and Associates (Pty) Ltd kanye nomqondisi wayo uMnu Yandisa Bavulele Mashalaba balivumile icala eNkantolo yesiFunda eBloemfontein.

Inkampani ihlawuliswe imali engu-R 100 000 elengiswe iminyaka emi-5, kwathi umqondisi wayo yena wahlawuliswa imali engu-R 500 000 noma ukubhadla ejele iminyaka emi-5 naso okuyisigwebo esilengiswe iminyaka emi-5.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uthe izinkampani nabaqondisi bazo bazobhekana namacula obugebengu uma bephula umthetho bezama ukukhwabanisa imali eqoqwayo ebhekene nombuso.

Uthe, “USARS uzokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kunoma yimuphi umkhokhintela ofuna ukuphula umthetho ngenhloso njengoba silindele ukuba wonke umkhokhintela ahlangabezane nezibophezel zakhe akhokhe ingxenye yakhe kuntelo ekhokhwayo.”